Indoda Ethobekile Nenesibindi

UJONA—INGXENYE 1

Iziyalezo: Yenza lesi sivivinyo endaweni ethule. Njengoba ufunda imiBhalo, zibone ngeso lengqondo uhilelekile kuleso senzakalo. Sibone ngeso lengqondo. Yizwa amazwi. Zizwe ngendlela abalingiswa abazizwa ngayo. Yenza le ndaba iphile.

❶ *HLAZIYA ISIGCAWU.—FUNDA UJONA 1:1-17; 2:10–3:5.*

Ucabanga ukuthi ulwandle nesivunguvungu kwakunjani? _____

_____

_____

Amazwi kaJona nawababesemkhunjini akutshela ukuthi babezizwa kanjani?

_____

Chaza ukuthi cishe uJona wayecabangani ngesikhathi eshona phansi olwandle nangemva kokugwinywa inhlanzi enkulu. (Funda uJona 2:1-9.) _____

_____

_____

❷ CWANINGISISA.

Kwakuhlala abantu abanjani eNineve futhi cishe kungani uJona ayemadolonzima ngokuya kubo ekuqaleni? (Nahume 3:1) _____

_____

_____

Ucabanga ukuthi iNineve "laliwumuzi omkhulu kuNkulunkulu" ngamuphi umqondo? (Jona 3:3; 2 Petru 3:9) _____

_____

Ukungagwegwesi kukaJona lapho ekhuluma ngamaphutha akhe nangoNkulunkulu wakhe kwembulani ngaye? (*Phinda ufunde uJona 1:9, 10.*) _____

_____

_____

_____

Cishe uJona wakwazi kanjani okwenzeka emkhunjini ngemva kokuba ephonswe olwandle? (*Phinda ufunde uJona 1:15, 16.*) _____

_____

_____

_____

❸ ***SEBENZISA OKUFUNDILE. BHALA LOKHO OKUFUNDILE MAYELANA . . .***

Nokwesaba. _____

_____

_____

Nokuthobeka. _____

_____

_____

Nesibindi. _____

_____

_____

Nombono kaJehova ngabantu, ngisho nalabo esingase sicabange ukuthi babi. _____

_____

_____

❹ ***YINI EKUHLABE UMXHWELE KAKHULU NGALOKHU KULANDISA, FUTHI NGANI?***

_____

_____

_____

Ukuze ucwaninge ngokwengeziwe, bheka *INqabayokulinda* ka-January 1, 2009, amakhasi 25-28.

www.jw.org © 2010 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania